**Umusho ombaxa**

- **Umusho ombaxa wakhiwe ngemisho emibili noma ngaphezulu eqondile ehlanganiswe ngezihlanganiso ezithile.**

**Isibonelo**

Uyadela owaziyo ukuthi iphoyisa libhalani kangaka.

| | |
|---|---|
| Umusho wokuqala: | Uyadela owaziyo |
| Isihlanganiso: | Ukuthi |
| Umusho wesibili: | Iphoyisa libhalani kangaka |

**Umusho omagatshagatsha**

- Umusho omagatshagatsha wakhiwa ngokuthi kuhlanganiswe imisho eqondile ngokusebenzisa izihlanganiso ezithile ezenza ukuthi kube khona umshwana oyinhloko, kuthi eminye incike/ikhonze kulo owodwa oyinhloko.
- Kwesinye isikhathi izihlanganiso zingafana nezomusho ombaxa kuhluke nje indlela ezisebenze ngayo.

**Isibonelo**

Ngangingafuni ngisho nakancane ukwenza iphutha ngoba lokho kwakusho ukungatholi le nto engiyifunayo.

Ngangingafuni ngisho nakancane ukwenza iphutha:
Umusho oyinhloko

ngoba lokho kwakusho ukungatholi:
Umusho okhonzile wokuqala

lento engiyifunayo:
Umusho okhonzile wesibili osho isizathu.

**Umsebenzi**

1. **Sebenzani ngababili nizakhele eyenu imisho ibe mithathu uhlobo ngalunye.**
   (a) oqondile
   (b) ombaxa
   (c) omagatshagatsha.

2. **Shono ukuthi hlobo luni lwemisho le elandelayo.**
   (a) Siqala kahle nje kanti angibuzanga elangeni.
   (b) Walinyakazisa nje ipali, sekuphelile ngawe, usugadlile.
   (c) Amahhashi aqala ukugida esifubeni.
   (d) Ngashaya omncane umthandazo engawufundiswa intombi kaNqabeni.
   (e) Kwacaca kwathi bha ukuthi ngizobuya nazo.

**3. Sebenzani ngababili nifunde lesi siqeshana esilandelayo nitomule izinhlobo zemisho nizichaze.**

Emoyeni wami ngangijabule ngizitshela ukuthi selidume ledlula kanti ngiyazikhohlisa. Angibuzanga elangeni. Umuntu wakhona waqala phansi wangiphonsa imibuzo. Yabe iganele esokeni lapha kimi. Ngaziphuzela nje. Umbhemu lo walinqekuzisa njalo ikhanda. Ngaze ngabuza ukuthi lagenqeza njalo nje kuseyikhona.

Izinkukhu zivele zawusola umgqakazo nango phela unkabi esengihloma eminye imibuzo. Ngadideka ngaphela ekugcineni sengithi ngiqedile. Lashona lavumbuluka ikhanda kuhle kwenkukhu iphuza amanzi. Okwangiqeda tu, ngadunyelwa ikhanda umbuzo othi: "Imoto kufanele ipakwe kude kangakanani nepayipi elikhulu lamanzi okucisha umlilo?". Ngezwa ngemvula yezithukuthuku. Kwabamnyama amehlo. Makhathaleni yabuya impendulo. Yimi lo sengibhavumula. Yimitha nohhafu. Laphinda lelo khanda lanqekuza. Ngagiya ngathi "Wadla Nyama kayishi!".